



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**2018**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-8.**

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1****INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wependulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wependulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebezise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebezise ulimi Iwesigodi empendulweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe, makwamukelwe uhlamvu oluhambisana nempendulo enembayo NOMA/OKANYE impendulo ebhalwe ngokuphelele.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA****UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISA****1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

- 1.1.1 Yingoba umsebenzi wokuphatha uza nezinselelo eziningi ezidinga umuntu ovuthiwe ngokomqondo futhi ongelona igwala.✓✓ (2)
- 1.1.2 Okubalulekile ekubeni umphathi ukuthi kumele wazi ukuthi awuphathi abantu kuphela kepha uphatha nezinto ezisetshenziswa yilabo bantu obaphethe.✓✓ (2)
- 1.1.3 • Umphathi wezwe/ umphathi wesifundazwe.✓  
 • Umphathi wesikole.✓  
 • Abaphathi basemakhaya okungaba obaba noma omama.✓  
 • Inkosi ephethe isizwe.✓ (4)
- 1.1.4 D/Ukudubulana (1)
- 1.1.5 Inhloso ukuthi izingcithabuchopho zibona kunomehluko phakathi kokuphatha nokuhola abantu kanti abaphathi abanangi bayakuhlanganisa lokhu.✓ Ukuphatha abantu kusho ukubaqhoqhobala ungabaniki ithuba lokuphefumula lapho kudingeka khona.✓ Ukuhola kusho ukuhlahla indlela ukuze abantu obaphethe bezokwazi ukwenza izinto ngendlela efanele behkululekile.✓ (3)
- 1.1.6 Amazwi abhalwe ngokugqamile ayahambelana nokuqukethwe yisiqephu ngoba ukuphatha kuyanikezelana. Uma umuntu ephethe naye kusuke kukhona abasuke bemphethe.✓✓ (2)
- 1.1.7 Umqondo oqukethwe yilesi sigaba owokuthi uma kukhethwa umphathi kufanele kubhekwe amakhono afanele okuphatha kungamane kuthathwe igama lomuntu okuhlanganwa nalo ngaleso sikhathi.✓✓ (2)
- 1.1.8 Kungokufanelekile ngoba abanye abaphathi abamnyama babevele benawo amakhono okuphatha kodwa bengalitholi ithuba lokuphatha.✓✓  
 (Nezinye izimpendulo ezinembayo)

**NOMA**

Kungokungafanelekile ngoba abanye abaphathi abamnyama banikwa izikhundla zokuphatha ngokwebala kepha bebe bengenawo amakhono okuphatha lezo zikhundla.✓✓  
 (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

- 1.1.9     Ukubangwa kwezikhundla kuze kubulawane akwamukelekile. Ngakho-ke kumele abantu bafundiseke ngokuphatha kanye nangokuba ngumholi. Izikhungo zokuqequesha ngamakhono okuphatha nobuholi zingaba isixazululo.√√  
(Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

## KANYE NO

### 1.2     UMBHALO B (OBUKWAYO)

- 1.2.1     Okwenzeka esithombeni sokuqala ukuba khona komuntu ongumholi okhombisa okuthile ukuthi kumele kwensiwe kanjani/ okhombisa ukuthi uma kusukwa la kumele kuyiwe kuphi.√  
(Nezinye izimpendulo.) (1)
- 1.2.2     Umehluko ophakathi kuka-3.1A kanye 3.1B ukuthi baphethe abasebenzi abenza izinto ezingafani.√ uSekela Thishomkhulu 3.1 A uphethe abaphathi bezifundo kanye nothisha abangezansi kwakhe kanti uSekela Thishomkhulu√+++ 3.1 B yena uphethe abasebenzi abangomabhalane kanye nabahlanzi bamagceke.√ (3)
- 1.2.3     Isigaba sesi-6 UMBHALO A ukhuluma ngokuba umphathi ngenxa yokubekwa abanye abantu, ukuzalelwa ukuba umphathi kanye nokuba ube usomathuba√√ kanti isithombe sesi-3 UMBHALO B sikhombisa ukuthi ukuphatha ngokobukhosu kuwukhondolo noma kuhamba ngokuzalelwa kulesi sibongo√√ (4)
- 1.2.4     Isithombe sesithathu sigqamisa ukuthi ukubuswa kwesizwe kungokwabantu besilisa okuyinkolelo engaguki ngoba lokhu kusenzeka ezindaweni eziningi. Baseyingcosana abesifazane ababekiwe njengamakhosi alawula isizwe. (2)

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C**

<b>Amaphuzu acashuniwe</b>		<b>Amaphuzu owabeke ngamagama akho</b>	
1	'Izihlahla zihlobisa umhlaba ube muhle uhlobe ngemibala egqamile yekhethelo.'	1	Izihlahla zenza izwe liqhakaze libe lihle ngemibala eyahlukene edonsa amehlo.
2	'Zihlanza umoya ongcolile zibuye zikhqize ohlanzekile ophefunyulwa izidalwa ezahlukene.'	2	Zelekelela ekwenzeni ukuba umoya uhlanzekile ukulungele ukuphefunyulwa ngabantu nezilwane.
3	'Izihlahla zivikela ukuguguleka komhlabathi.'	3	Izihlahla zivimba ukuba umhlabathi ungahambi namanzi.
4	'Abelaphi bendabuko basebenzisa zona belu izihlahla ukwenza amakhambi okwelapha izifo ezinhlobonhlobo.'	4	Ziyasetshenziswa njengamakhambi esintu ukwelapha izifo ezahlukahlukene
5	'Izilwane zasendle zethembele kakhulu ezihlahleni, ukuthola ukudla kanye nompheme wokukhosela uma kushisa ilanga.'	5	Izihlahla ziwukudla ziphinde zibe yikhaya eziwaneni zasendle uma kushisa ilanga.
6	'Izihlahla ziyibhizinisi elingenisa imali kubalimi asebemnkantshubomvu kanye nabasafufusa.'	6	Abalimi abonolwazi olunzulu lwezihlahla nalabo abasafufusa, izihlahla ziwumnotho kubo ngoba bayazidayisa ukuze benze imali.
7	'Ziwumpheme wokukhosela abantu esimeni esingesihle sezulu.'	7	Izihlahla zibawumthunzi uma libalele kanti uma lina abantu bakhosela ngaphansi kwazo.

**UMBHALO C****UKUFINGQA NGESIGABA**

Izihlahla zenza izwe liqhakaze libe lihle ngemibala eyahlukene edonsa amehlo. Ziyalekelela ekwenzeni ukuba umoya uhlanzekile ukulungele ukuphefunyulwa ngabantu nezilwane. Izihlahla zivimba ukuba umhlabathi ungahambi namanzi. Zibalulekile kakhulu ngoba ziyasetshenziswa izinyanga ezelapha ngamakhambi esintu ukwelapha izifo ezahlukahlukene. Izihlahla ziwukudla ziphinde zibe yikhaya eziwaneni zasendle uma kushisa ilanga. Kulabo abangabalimi abasaqala nasebenolwazi olunzulu ngezinhlobonhlobo zezihlahla, izihlahla ziyingxenye yomnotho ngoba bayazidayisa ukuze benze imali. Izihlahla zibawumthunzi uma libalele kanti uma lina izulu abantu bakhosela ngaphansi kwazo ukuze banganethwa.

[Inani lamagama angama-75]

**ANNEXURE A****Indlela yokumaka ukufingqa**

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**

- Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
- Amamaki ama-3 awolimi.
- Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**

- 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
- 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
- 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**

- 6-7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
- 1-5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
- Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe, kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho eqe ngawo.

**QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI****INDLELA YOKUMAKA ISIQEPHU C**

- **Isipelingi**
  - Impendulo edinga igama elilodwa kumele imakwe nakuba isipelingi sinamaphutha ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wegama.
  - Empendulweni lapho kudingeka kube umusho ophelele, amaphutha esipelingi kumele ohlolwayo angalitholi imaki uma nje lelo phutha lisezakhiweni nezimiso zokusethenziswa kolimi.
  - Uma kuwumbuzo odinga ukufinyeza igama, izimpawu zokuloba kumele zisetshenziswe ngendlela efanele.
- Izakhiwo zemisho kumele zilandele uhlelo lolimi olufanele ngokwemisho enikiwe/ngokomyalelo.
- Emibuzweni lapho kumele kukhethwe impendulo eyodwa enembayo kwezimbalwa azinikiwe, kuyokwamukelwa zombili izimpendulo okungaba uhlamvu kuphela oluhambisana nempendulo enembayo KANYE/NOMA impendulo ebhalwe ngokugcwele nayo iyokwamukelwa.

**UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI**

- 3.1 Kubalulekile ngoba kukhombisa ukuthi lo mkhiqizo usunesikhathi wabakhona✓ futhi uyabasebenzela abantu.✓ (2)
- 3.2 Ihlanza ikhazimulise ikhaya ngaphandle kokugqilazeka ukuze oyisebenzisayo akwazi ukuthola isikhathi sokwenza nezinye izinto azithandayo.✓✓ (2)
- 3.3 Lesi sitatimende sichaza ukuthi ukuhlanza indlu usebenzisa i-Plush Supreme kwehlisa umthwalo emahlombe/ukukhathazeka✓bese ukuthokozela ukuhlanza indlu ngoba kunomkhiqizo ozokwelekelela ukususa ukungcola ngaphandle kokufaka amandla amaningi.✓ (2)
- 3.4 Kuzoba nomthelela omuhle kubathengi besilisa abaningi ngoba bazokubona ukubaluleka kokusebenza nezingane zabo belekelelana ukuhlanza indlu✓ lokho bese kuthuthukisa ukuhlalisana nobudlelwane obuhle emndenini.✓ (Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
- 3.5 Umkhangisi uheha abathengi ngokukhombisa ngezinhlobo ezahlukene zePlush Supreme esikhangisini sakhe. Ihlanza indlu, amawindi, iphansi lendlu, nezindonga kanye nokunye.✓✓ (2)  
[10]

**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

- 4.1 Iqhude limele ubaba noma umnumzane wekhaya ✓ kanti isikhukhukazi simele umama wekhaya. ✓✓ (2)
- 4.2 Yingoba lo mlingiswa oyiqhude uzibona enamandla kulula ukuhlukumeza lo wesifazane ngoba emncane futhi engenamandla okuzivikela noma okuzilwela. ✓✓ (2)
- 4.3 Inkolelo engaguquki etholakala kule khathuni eyokuthi abantu besilisa yibona abahlale bezibona benamandla adlula abesifazane/abantu besifazane bakhuliswe ngokuthi kumele bahlale bethobela noma yini eyenziwa umuntu wesilisa noma ngabe bayahlukunyezwa/ Inkolelo engaquki isetshenziswe yaveza amandla ngokobulili, iqhude limele umuntu wesilisa futhi onamandla kanti isikhukhukazi simele umuntu wesifazane ongakwazi ukuzimela noma othobela noma yini uma enze iphutha akanikwa ithuba lokuchaza. ✓✓ (2)
- 4.4 Umyalezo oqukethwe ukuchanyiselwa kwendlovu ukuthi indlovu ikhula ibe yisilwane esinamandla. Kanjalo uma umuntu wesifazane ehlukunyezwa kuyenze ka ukuthi ngelinye ilanga abe namandla adlula lo muntu obekade emhlukumeza. ✓✓ (2)
- 4.5 Le nkulomo ikhombisa ukuthi lo wesifazane usekhathele ukuhlukunyezwa futhi usezowalwela amalungelo akhe ukuzivikela kulo wesilisa omhlukumezayo. Lokhu angakwenza ngokuba ayobika udaba lwakhe emaphoyiseni noma ayolibika kulabo ababhekele ukuhlalisana kwemindeni./ izokhula le ngane bese iyamvikela kulona wesilisa ongumhlukumezi✓✓ (2)  
[10]

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

- 5.1 Siquethe umqondo wokuzenza. ✓ (1)
- 5.2 njll. ✓ (1)
- 5.3 Ungaqala ngokuxhumana nabanye abantu ubabonise nomsebenzi owenzayo uma ufunu ukuzisebenza. / Ungaqala ngokuxhumana nabanye abantu uma ufunu ukuzisebenza ubabonise nomsebenzi owenzayo. ✓✓ (2)
- 5.4 Obungaphikiswa ✓  
Bukhona ubufakazi obungaphikiswa uma kwenziwe kahle uphenyo. ✓  
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)
- 5.5 B/Ukuba neqhinga. (1)
- 5.6 Liyachaza. ✓ (1)
- 5.7 Umuntu olivila angelindele ukuthola utho. ✓  
Kuzomele usukume uyofuna umsebenzi uma ufunu imali ngoba akunsimba yazuza ibuzi ngokuhlala. ✓ (Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (2)  
[10]

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 30  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 70